Briefing Notes for Shembe Cleansing Ceremony – Mpumalanga Township

Guests :

Amakhosi
Unyazilwezulu,
Councillors,
Pastors,
Community leaders,
Political parties,
Media,

Introduction

Ngeminyaka yawo 1985 kuya phambili ilokishi laseHammersdale eMpumalanga lakhungathwa izigameko zodlame lwezepolitiki. Ngonyaka ka 1989 kwabikwa inkulungwane yemizi eyamosheka, izinkumbi zemiphefumulo eyahamba kanye namakhulu abantu abasala nokukhubazeka ngandlela thize. Iningi lomphakathi labaleka kulendawo befuna indawo abangakhosela kuyo enokuphepha.

Ngazo lezikathi zodlame, amaqembu ezepolitiki enza isivumelwano sokuhlangana kube nokuthula okwase kulibaziseke iminyaka. Lezingxoxo zokuthula zabuyisa impilo eMpumalanga kancane kancane lapho nabantu babonkala behamba ngokukhululeka.

Udlame nokubulalana okwenzeka ngezikhathi zeminyaka ka1985 kuya ku19991 alukasuki ngokuphelele ezingqondweni zabantu abaningi abahlukumezeka ngelsosikhathi. Imizamo yokugqugquzela ukubuyisana noxolo emiphefumulweni yalabo abahlukumezeka kwasungulwa kwakhiwa izindawo ezifana neMpumalanga Peace and Development Centre kanye Mupumlanga Heritage Centre. Ngokufika kukahulumeni omusha kunokuthula eMpumalanga.

The civil war endured by community of Mpumalanga from 1985 to about 1991 remains a vivid memory for those who survived the conflict. In an

attempt to promote reconciliation and peace in the victim's minds, initiative such as Mpumalanga Peace and Development Centre and Mpumalanga Heritage Centre has been built. With the emergence of the new democratic dispensation, peace prevails in Mpumalanga.

Kamuva nje sekukhona izigameko ezisikhathazayo singamakhansela nezinhlaka zakulendawo, njenge:

- Izinga eliphezulu kakhulu lobugebengu
- Ungahlalisani ngokuthula
- Ubuxhwanguxhwangu nokuphuma esandleni kwentsha
- Udlame olubhidlangile emakhaya
- Udlame embonini yamatekisi

Umangabe sicubungula njengabaholi siybona ukuthi lisakhona ifu elimnymana ngenxa yegazi elaphalalala kulendawo yingakho siphoqeleka ukuthi senze lenkonzo yokugeza sicele kuMdali, nabaphansi basisize sibuyisane. Thina ma-Afrika singabantu bakaMoya yingakho kube nalombono wokwenza lenkonzo ngokubambisana nabaholi bezenkolo.

Siyanxusa ukuba kubenokuthula endaweni yaseGlebelands , kwaMashu eHostela naseNchanga

Isiqubulo sosuku kuyaphambili sithi Ubuntu Kubantu. Kulenhlanganyelo kuzobe kunomculo nomdanso, kulindeleke izinkumbi zabantu abangu 6000 ngalolusuku.